1 Impi ya6akwaMthembu na6akwaSithole

UGa6uza umuqathi wempi wakwaSithole. Kuthena mhla
kuphuma udwendwe uGa6uza usethi amaThembu awakwazi ukusina.
Usephendulwa uMpembe Dladla. Phela uMpembe lona wa6aleka
emaChunwini ngempi yamaChunu na6aThembu okwenza a6aleke aye
emaThembeni yingo6a unina owasendlunkulu ku6aThembu usethike
uMpembe, "Usho njalo Ga6uza, konje wena uzenza iqawe nesilwei
kulendawo. Awuwa hloniphi ngani amaThembu kuyiwona emphethe
njena na." Usethi"Thina siwuphumo asisena nda6a." Usho
ngo6a se6efuna uku6eka uPhindo Sithole a6eyinkosi ya6o.
Nanamhlanjena ayithani a6akwaSithole na6aThembu. Se6ehlukene
futhi nokwakha kwa6o. UPhindo ne6ala usevela ethi
2 "Yeka umuntu wami. Awazi yini ukuthi mina ngiyinkosi
ya6akwaSithole." Ekuseni uPhindo waye yinduna yenkosi uMa6izela.
Pho-ke use6ona ukuthi uMa6izela usefile usezenza inkosi
ya6akwaSithole. Usemuvuna uyisemkhulu, uvuna yena uPhindo
uma esho njalo ethi yena uyinkosi ya6akwaSithole. UGa6uza
usefuna ukugalela kuyena uPhindo. Sekukhuza uJama Ma6aso
uthi "Musa uku6anga impi singaphelele ingathi uya6ona
a6akwaSithole 6aphelele 6ona." Se6e6aleka njalo uPhindo
na6anye a6a6ehamba naye ukuzwa ukuthi seku ku6i. 6athena
uku6a 6a6aleke isiyohloma lena ya6akwaSithole. Kuthena
3 lishona kwezwakala ngophondo lukhala. Seku6izwa uJamuluthi
inyanga enkulu yindodana kaMa6izela inkosi. Usethi ukufika
uJamuluthi useyicela impi lena ya6akwaSithole inkosi ithena
uku6ona ukuthi manjena a6akwaSithole se6ehlangene naye
uJamuluthi usehloma naye isilindelana enhla noTugela river.
Kuthena uku6a kuhlwe yasuka e6akwaSithole yaqonda lapho
ku6uthise khona amaThembu. Kuthena uku6a i6one ukuthi
isisondele ne. Seyima eyakwa6aSithole. AmaThembu aye
angalindele esafuna amasu uku6a ozokwenzanjani nawo.
UKufalwezwe inkosi yamaThembu isezwa ukuthi a6akwaSithole
se6esondele. Useyimisa ngeziga6a. Kuthena uku6a a6akwaSithole
6asondele 6ezwakala ngo6a se6esho ukuthi: "Ngadla" 6esho
se6e6agwaza njalo. Inkosi uku6aleka kwaya iye enduneni yayo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

4 enkulu eyayingakafiki isathunyelwe. Ya6aleka eyamaThembu. Kuthena ziqala zikhali izinkukhu aye esephelele amaThembu. Phela naye uPhindo wayethumele kuZwide Phungose ukuthi kuhle elekelelo yena. Wavuma uPhungose kanti uyenga yena uPhindo. UPhindo wamuthembisa ici6i lezinkomo zakhe. Nokuthi uyomenza naye induna enkulu. Yena uZwide waye yinceku yenkosi enomuzi wakhe eziHosheni, umuzi wenkosi omkhulu. Pho-ke uthena uku6ona uPhindo ukuthi kanti uZwide welekelela inkosi u6aleka. Usenquma nondi ekhuphuka ngalo njalo uTugela usehlangana namaSwazi usekhonza kuwona.

5 Umuzi wakhe wasala khona lapho ngaseTholeni ngo6a phela waye angase nakuda6ula ku6aThembu. Usethi uhlanga6ezana nayo uJamuluthi impi ya6aThema akasasizi lutho. Yilapha naye afela khona uJamuluthi ngempi yamaThembu ma6akwaSithole. A6akwaSithole 6aphela ngaleyompi. Pho-ke a6anye a6akwaSithole 6a6e ngasenkosini. Amazwi kaJamuluthi uma esefa wathi, "Niyangi6ulala, niyangigwaza impela aninakulunga, zaya kunahlula izitha zenu. ~~xx~~ Niyakulwa nodwa ni6ulalane." Ukukhala kwendodana yakhe lapho eyayingaku6aThembu ithi ~~ix~~ iyamulekelela uyise 6afa 6elakanyana. Ingama layo kwaku uPhelekuyise, usekhuze umuhlola ukufakwezwe uthi izingani 6aThembu ningaziqambi

6 ama6izo azo ngezici ngo6a ziyofuza zona kungcono ni6aqambe ngezici ezinhle kune zimbi." Inkosi isithumela uZwide uku6a abheke 6ona a6akwaSithole a6e yinduna ya6o. A6akwaSithole zaphela izinyanga ezilishumi 6evungaza 6efuna ukum6ulala yena uZwide ngo6a uyena owavuna uPhindo ukuthi uzomelekelela uma elwa nenkosi. Kuthena ngelinye ilanga a6akwaSithole 6ehlangene kuphuzwa utshwala 6axoxa ukuthi uPhindo uyeza use6aleka uZwide ngolo6o6usuku uyehla uyo6ikela inkosi ukuthi uPhindo uyeza, kuhle ime kahle. Ne6ala isi6eka inhloli umfokaDuma uFayedwa a6eyinlolo. Usefika ne6ala uPhindo ufikela emuzini kaMaphutha Sithole umfowa6o. Sekuzwakala ngalo uphondo lukhala

7 Se6eqoqana ngokushesha a6akwaSithole. Isihloma njalo, seyiwunkanka umuzi kaZwide. UZwide wayeselindele impela ukuthi a6akwaSithole a6akxolile. Lwazwakala ngezinja ukukhokhotha usephuma uZwide. 6ekuthi kungahlwa angalali uZwide. Uthena ukuphuma usehlangana noFayedwa nempi usegalela ethi a6akwaSithole

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

usemukhuza uMawa uthi "Kahle mfowethu, yithi sizokwelekelela, nansi impi isifikile uyo njalo usemgwazile uFayedwa. Kwathi kanti uyisiviki uFayedwa wamgwaza kancane ethangeni wase uyashishiliza umukhonto. Amazwi kaFayedwa wathi, "Uyangigwaza Zwide, ugwaza mina Fayedwa." Usethuka impela uku6ona ukuthi uFayedwa. Use6uza ukuthi, "Nithuleleni ningangitsheni ukuthi yinina na?"

8 Usezwa uPhindo ukuthi 6alwa 6odwa usedumela. Udumela usephuzile. Uthena uku6ona ukuthi ku6i usekhumuka uPhindo. Usethi uya6aleka kanti 6ayamu6ona a6aku6o. Sekuyi6ona a6athi "Nanguyana uPhindo aku6anjwe yena a6ulawe." Usexoshwa a6aThembu na6akwaSithole usethi uku6ona ukuthi akukho masiza useziphonsa eweni kwaPhindo. Kuthi kwakuyindawo embi lapho aziphonsa khona. Kuthiwa wamemeza wathi, "Wafa Phindo, phxx phumula Sithole." Inkosi isi6ehlukanisa-ke lapho a6akwaSithole namaThembu. Kodwa nanamhla luyasuka ucuku ku6o a6akwaSithole na6akwamThembu. Kodwa inkosi isiya6athena amandla a6akwaSithole.

9 Uthena uMamangu6ane unina kaKufakwezwe e6ona ku6ulawa unsizwana indodana kaPhindo, eya6e ilishinga. Uthi"nkosi mn6anami, ungaze u6ulale umfowenu, uNsizwana. Angithi niphuma siswini sinye na. " Loku naye owakwenu musa ukumu6ulala unganuxosha njena kulendawo." Inkosi isimu6iza isimululeka ngomusa. UNsizwana useyitho6ela impela inkosi. Loku kxyxf kuyafakazela ukuthi amazwi amahle ayalungisa kunoku6ulala namazwi olaka. Usemutshena uKufakwezwe uNsizwana ukuthi ngiphose ngaku6ulala mfowethu ngokuzwa kwami ukuthi wena uNocuku. Se6ehlalisana kahle njalo uNsizwana noKufakwezwe inkosi uyena sekuyindunankulu 6enomfokaMpungose owakhe eduze nam Chunu emanyiseni uma uyangasoTugela.

10 Kuthena ngendla enkulu evele emva kwempi ya6akwaSithole namaThembu inkosi yathi kuhle zidliwe zonke izinkomo za6akwaSithole ngo6a phela yizona izi6enza 6ahluphe. 6athi 6anga6ona ukuthi 6anemfuyo eningi 6afune ukulwa. Sezidliwa izinkomo za6o njalo se6esheyelwa ngambili nganye njalo lapho a6akwaSithole ngoku6ona loku 6asuka 6ayose6enza ngo6a izingane za6o zingasadli lutho. Namhlanjena a6akwaSithole 6anemfuyo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

eningi emalini ngo6a 6asuke a6a6e6asazithenga izimpahla 6afuya imali. Ukufakazela loku nango omunye umnumzane udumile uNdelevane Sithole onesilaha eTugela Ferry namakhosakazi amahlanu. Unemotho yakhe unemali enkulu. 6ayithola eGoli naseDiyimani ngezikhathi eziphambili kusahanjwa ngezinyawo.

11 Kuthena kuhle ziwe kaMfuna Ndlela. Kuzwakala umuntu ememeza uma a6antu 6eqala uku6eka izinhlanothi phansi. Kwakumemeza uMadindi Dlamini ikhehla elidala elinomuzi omkhulu namakhosikazi amahlanu. Umemeza njena sekufe umuzi wakhe naye akazi ukuthi usale kanjani waye nezinsizwa eziyishumi zingamasoka u6ulawela zona izinsizwa zakhe lezo. Zona zafa khona lapho kwasala uZihlangu encane eyona yayifunwa kakhulu. Uthi, "Ngafa, ngafa malunda yelekelela". Usephuma uma ephuma usefuna indodana yakhe enkulu uku6a 6ayokwelekelela. Azayithola kanti iyona eyokulwe nomuzi kaMadindi Dlamini. Usehamba-ke uMalunda Ndlela usemufana uMadinda ngo6a esecashile naye uZihlangu.

12 Inyanga enkulu yempi kaMa6izela Mthembu, Lenyanga yayidumile ku6antu nasenkosini ya6o uMa6izela. Kwaku weMvanyana Ndlela. Kuthena ngempi enkulu yaMa6omvu namaThembu yaqala ukuse6enza lenyanga emzini wenkosi sekufe enye inyanga yenkosi endala uPhindani M6uyazi. Inkosi yayingamethembi uMvanyana ukuthi ikhona into engayenza. Ithena noma isihamba nempi yayo ayethemba ukuthi konje iyakuphumelela yini ukulwa nama6omvu. Kuthena lapho impi isiwela uThukela ukuthatha kokusa usethi uMvanyane kuhle imbongo uma isi6onga uVivi Mbuyelwa ahlu6ule ahambe nqunu seyimufaka izinsizi zempi uVivi lona inyanga. Ne6ala akhumule uVivi Mbuyelwa.

13 Sekuthi lapho impi uma isiyohlangana usekuza ufokaNgu6ane wasemb6omvini uGedi uthi, "Ukhumelana nomuntu ohamba nqunu. Kuhle umudumele masishane, ngo6a phela welashiwe ngezinsizi zazezikweleke wena nathi. Futhi kuhle ubheke isithunzi sikaVivi singaweli kwesakho". Ne6ala uthi esa6onga uVivi, usedumela uPhuphu Nxele imbongi yawo ama6omvu ngo6a esezwile ukuthi uyakuza uGidi ngu6ane kwaya ku6o imbongi uku6a mayigwaze

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kuqala. Use6aleka uMvanyana ngo6a sewonakele umuthi wakhe woniwa imbongo egalele ingaka6ongi. Uthe uma e6aleka wahlehla sengathi ulungisa wona umuthi wakhe njalo. Pho-ke impi yahlanganela endaweni embi enze zihlahla impela.

14 Usenyelele la njalo uMvanyana usefike ekhaya itshena inkosikazi yakhe enkulu uku6a mayimulandele. Wathi useyakwaZulu useyokhonza khona. Akusayi ngoku6ona kwakhe usehlulwa uPhuphunxele ngo6a phela naye wone impi ngokumelana nomuntu ohlu6ule. Isilwa-ke impi liyoshona ilanga. Sekuthi ngalapha kwelo6unene uphondo sekuthi kwelokhohlo futhi isikhumuka eyamaThembu. UMa6izela uthumela i6utho lakhe e6elisahlezi li6eke izimpondo ezikhumukaya. Igama laleli6uthi uBhenjane aqale ngalo ukudumela omahlupheyana. Usengena uBhenjana ethatha kanye. Ase6aleka ama6omvu. Isiyekelana khona lapho. Inkosi isifuna yena uMvanyana ngo6a

15 eyindoda elaphe impi yayo. Kasa6onwa. Isicamanga ukuthi nga6e ufile yini. Kuthena kunjalo ama6omvu eseze nenkosi yawo manjena. Inkosi yasema6omvini umulingo yayiwazi nokwelapha impi ikwazi kakhulu. I6izo layo uDungizwe. Seyithumela isangoma uku6a sihambe soma phambi kwempi nenja yensikazi eyayinqunywe umsila usavuza igazi. Ithena uku6a iqhamuke inja nesangoma. Ethuka amaThembu imbongi ya6o novalo yawa phansi. Isikuza inkosi ithi "Mayiyekwe inja nesangoma." Kwa6a ayishilo 6ayidumela inja ngemukhonto naso isangoma. Kwawukufa kwaso isangoma nenja. Kanti a6aThembu 6azilethela isinyama. Kuthiwa kwavela inkungu nomukhizo omkhulu.

16 A6aThembu a6a6e6esa6onana manjena. Isangoma lesi kwakuwu Nda6iseso6eni Zondi. Kwakhe6hwa intombazane eyayiliqhawe uku6a mayifele izwe laku6o. UNda6isesoheni wayehlala esigoldweni senkosi emuhle. Pho-ke ngoku6ona ukuthi izwe laku6o liyafa wancama ukufa yena. Phela naye athena emhlaba njena amaThembu wa6e ewahla6a nenja iwaluma iwathela ngegazi futhi. Kodwa inkosi yayithena mayiyekwe inja nesangoma. Kuthena umase esehlulwe amaThembu 6awa6ulala impela a6ase ma6omvini 6aze 6agwaza nenkosi noko ayazeyafa. Phela inkosi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 259 K13/21 6

iyalesa6a igazi yase isigula njalo. AmaThembu asedumala impela. Ama6omvu asedla izinkomo zawo amaThembu. Inkosi ayihlalanga kade yese iyafa njalo masishane.

17 UNda6isesonkeni waye uyema igoso lezintombi lempi. Kuthiwa khona ayemuhle kodwa amandla akhe kwakungawendoda. Uyise uzondi usethola ifa ukufa komntanakhe uNda6asesonkeni. Inkosi ~~ixx~~ isimunika amashumi amathathu ezinkomo, i6onaga uNda6asesonkeni. Nanamhlanjena awakhohlwa amaThembu ilenda6a. Asengenelwa umukhuhlane amaThembu ngo6a a6ulala inja ilunjiwe ama6omvu sezifa zonke izinsizwa ezasala la lapho ezayi6ona inja le nesangoma. Sekusala la6o a6angazange6a6one lutho. Pho-ke nanamhlanjena amaThembu namaChunu ayawesa6a ama6omvu ngalo mulingo wawo. Kodwa inyanga nenkosi a6a6azi lomulingo se6afa manjena. Isithunzi sisekhona nokho.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

13-816

18 Inda6a kaGcugcwa wakwaNzama K13/21 b. 7

UGcugcwa wa6e inkosi enkulu yesizwe samaWosiyana ngesikhathi soku6usa kwengonyama enkulu yakwaZulu, uShaka. Lapho a6akhe khona ngempela akuqondakali kahle kokwa a6adala 6athi wa6akhe khona kwaZulu. Uyise kwaku uNcameni, kaSizane, kaNozaca wakwaWosiyana. Phela a6akwaWosiyana a6akwaNzama.

UGcugcwa wakhe wa6alekela uShaka wahamba waze wafika eMlazi, lapho sekwakhe isikole manjena. Ukufika kwakhe khona wafika kwakhe uDr. Adams. Kodwa akahlalanga isikhathi eside wa6uyela kwaZulu. Into enkulu uGcugcwa a6e aziwa ngoyo ngesikhathi sokuhlala kwakhe. Wa6e enomuthi wokulalisa

19 a6antu. 6alale qede a6ese entshontsha izinkomo. Kuthiwa wa6enele awuthunqise nje, 6alale 6onke ekhaya. Kodwa akuqondakali ukuthi kwakumuthi muni. Umuntu owayejwayelene naye kakhulu uCa6eka wakwaMa6aso naseMlazi 6a6enaye. A6azukulwana 6akaCa6eka 6asekhona. 6akhe ndawonye na6akwaNzama 6akaGcugcwa phansi kwentendeni. Kuleyonta6a okuthiwa intendeni kukhona ihlathi elibhekene ngaseningizimu. Omunye wangitshena ukuthi uGcugcwa wafumaniswa izithunywa zakaShaka ebhace khona, muskwana efunelwa izinkomo zenkosi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 259

a6ezintshontshile. Kodwa a6anye 6athi a6anye 6ayalandula noko kona kuliqiniso ngo6a a6aningi 6ayasho ukuthi wafumaniswa
20 khona. Ukufa kwakhe uGcugcwa wafa ngawo umuse6enzi wakhe wokuntshontsha izinkomo. UShaka wamuyenga wathi kuhle eze kuyena azomupha izinkomo, wamuyenga ngo6a waye eseqede izinkomo za6antu. Futhi kungelutho ukumu6amba. Waja6ula kakhulu uma uShaka emu6iza wasukela phezulu khule kwenyoni i6ona incombo kanti iqonde ogi6eni. Wanele ukuqhamuka kuyena uShaka kuthi uShaka wamuka wa6amba uMlomongwesandla. Yathula umuzuzwana ingakhulumi ithi isuka yayi6a6aza ithi "Hau! Hau! Hau! Zulu ake nikubheke la kungakho kanti kuhlupha kangaka kungakanyana." Kwakuwumuntu omfushane yamu6ingelela yathi, "Saku6ona Gcugcwa saku6ona mfokaNcameni." Wavuma
21 ngesi6indi wathi, "Ye6o Nkosi, ama6ona6oncane, u6ona mina njc, 6o6ona wena ngomuso." Kuthiwa loku uGcugcwa wakusho ngo6a ese6ona ukuthi uwukudla kwaManqe. Wayesethi uShaka, "6uyisani izinkomo esi6ayeni zigcwale" 6azi 6uyisa njengokusho kwenkosi. Ya6isithi, "Kuthatheni lokhu Zulu niku6ophele izimpundwini zesi6aya, kuvundle esangweni, 6ese nikhipha izinkomo zikhandaniswe ze fihlizo." Kwase kwenziwa loko. Kuthiwa wakhala, "Nkosi uyangi6ulala impela, uyangi6ulalana." Wafa kanjalo okaNcameni aka6e asa6onwa nokuthi kwakuyini, noma kwakuwumuntu yini.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S/13 /h

ser. 259 K13/21 9b

Amacala okuɓulala kuɓaThembu

Kwa ɓutho lokuɓulala aɓagangileyo ɓephula umuthetho omisiweyo aɓaThembu. Iɓutho kwakuthiwa (uMalondolozi) uma
22 umuntu eligwala empini yayithi inkosi makaɓulawe. Inkosi eyona yayiweqinisile lomuthetho uyena uMaɓezela. Kuthiwa uMalambisi Mthembu waɓonakala encuxeɓa ngomuva inkosi yamuɓuza ukuthi walithola kanjani. Useɓona ukuthi usezokufa namhlanjena usethi "Nkosi nami angazi ukuthi ngalitholaphi kanjani. Kuthi lelinxeɓa lase lilidala impela. Pho-ke inkosi movalo ux ukuthi ɓonke ɓazoɓanjengaye ɓaɓe namaxeɓa ngomuva. Yathi makahambe aye akhaya lakhe aɓuye nenduna kuqala ukuthi walitholaphi lelinxeɓa. Usehamba-ke usetshena izingane zakhe ukuthi mhlawumbe useyoɓulawa kusasa inkosi. Seɓethi aɓantwana
23 ɓakhe kuhle aɓaleke aye emaChunwini ɓazomulandela. Pho-ke amaChunu amamukela nawo. Kuthena ngansukwana aɓuza ukuthi walitholaphi lelinxeɓa ngoɓa elokuɓalekana. Akasaphumeleli uMalambisi. Sekuthiwa makaɓulawe neɓala useɓulawa ngendaɓa yalelonxeɓa.

uMthiyane kwathiwa xyx uyathakatha kwaɓonakala efumaniswa emuzini wenkosi eɓusuku. Pho-ke wathi ukuɓa inceku yenkosi uMaɓizela. Wathi uyaɓaleka waxoshwa impi yaɓantu nezinja kuthi walwa nezinja naɓantu waze wadinwa. Kuyaziswa phela ukuthi uMthiyane kwakuyiqhawe. Nasempini wayehlaɓana ɓengaka-
24 hlaɓani aɓanye nenkosi futhi imuthanda. Kwazisa ukuthi yayimuɓiza njalo manjena imethembile futhi uMthiyane inkosi yase imungenisa nasemuzini wayo. Usethandana nenkosikazi yenkosi uNamandlesilo, inkosikazi encane yenkosi. Inkosi ayazeyaɓona yona isize iɓona ukuɓa axoshwe izinceku ukuthi kanti akalungile. Sezithi ukumuɓamba izinceku sezimusa enkosini, Isiɓuza inkosi ithi, "Uɓufanani lapha eɓusuku na?" Usephendula yena uthi, "Nkosi, ɓengizothakatha ngithunywe uLuzindela induna. Ithi mangizothakatha intombi kulezi zenkosi." Inkosi isithi, "Angithi wena mngi ungumganiwami9na Yonke into ngiyitshena wena ngingaɓazitsheni izinduna zami na. Wenzani pho-na, usungiɓulala?"

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

25 Usekhala uMthiyane uku6ona ukuthi usezo6ulawa manjena. Sekuqhamuka yona intandokazi yenkosi uNamandlesilo uthi, "Inkosi, konje ingamu6ulala na ungani wayona ngenxa ya6antu namaku6ulawe yona induna." Ukuthukuthela kwenkosi-ke lapho yasola ukuthi kukhona okwenziwa unamandlesilo naye umthiyane. Sekulandwa 6onke a6aThembu ukuzo6ona lomuhlola. Sekufumaniseka ukuthi induna ayinacala na6ancane ayazi lutho futhi. Inkosi isimu6uzisisa ukuthi u6ezofumani e6usuku na? Akasaphumeleli use6ulawa uMthiyane naye uNamandlesilo. Kodwa wathi uNamandlesilo ngiyathokoza ukufela uMthiyane.

26 Inkosi yaseyithi kuhle 6a6ulawe 6onke amadodana nezintombi zikaMthiyane na6antwana 6akanaMandlesilo 6a6ulawa akwasala noyedwa. Uku6ulawa kwala6antwana kwa6anjena. 6ayiswa amakhaya 6asiwa enta6eni enkulu e6izwa ngokuthi uMhlumayo lapho inkosi yathi maku6aswe umulilo 6angazi a6antwana ukuthi 6azo6ulawa 6ona. Kodwa, amadodana kaMthiyane ayesezwile ukuthi 6ayo6ulawa manjena. Ayengasenaku6aleka ngo6a ayebhekiwe uku6a anga6aleki. Kuthiwa wathi uma usuvutha umulilo 6aphoswa phakathi 6onke lapho kulowomulilo. Kodwa kuthiwa kwathi ngo6ukhulu 6omulilo 6asha la6a a6a6e6aphonsa kuwona umulilo lowo

27 Naye uMthiyane noNamandlasilo 6aphoswa kulo ilanga6i lomulilo. Loku kwakwenziwa i6utho lempi lokuthetha amacala. Inkosi yavuka ya6anolaka ngokufa kwentando kazi yayo uNamandlesilo. Kuthiwa kwakuthi noma inkosikazi yayo i6onakale ihleka nomuntu njena inkosi ithi mayitulawe. Kwakungasangenwa emuzini wayo inkosi ngenda6a eyenziwa uMthiyane. Amacala lana ayenendawo yawo lapho ayethethelwa khona eduze noMhlumayo. Kuthi umuntu onecala e6ekwe esigcawini. Uma lizothethwa kwaku6izwa amadoda. Aziswe kusekude yikhona amakhosikazi azokwenza

28 utshwala 6okuphuza uma seku6uywa ecaleni. Kuthi amadoda aphendule kahle ecalane kuthiwe utshwala o6awo lawomadoda. Wonke amanye asazocela kulawo. Olahlwe icala akasezukuhamba namanye amadoda. Kodwa ukuthethwa kwamacala akufani nawa6amhlophe. Kuyavunwana nenkosi ithengwe ngotshwala uku6a ivune lowo onecala. Kuthengwe na6anye a6aziwayo. Uma omunye engena6o

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

a6antu yena noma icala lakhe lilihle engenasono lumulahla ngo6a akathenganga muntu. Kuhle futhi umuntu aziwe inkosi ukuze ilithethe kahle icala lakhe ngaphandle kwaloko lutho nje. Kuthi noma lithethwa a6anye 6afune nokulwa ngo6a kuyavunwana. Noma seliphelile sekuzohanjwa ngeziga6a.

29 Ku6e khona nokuzondana ngaleyo nda6a. Nenkosi i6ilalela a6adala amadoda aziwayo. Ngenye ikhathi kwathi yona njalo 6elu inkosi uMa6izela ethetha icala kwasekuvela impi enkulu. Kwakuxa6ene uManzoli nomuthakathi. La6antu a6adodanye 6ehlukene ngonina kuphela. 6azalwa uZikhali Dlamini. Manjena uManzoli uthi 6ehlezi uMthakathi uthi, "Nina mfowethu nizilima anikwazi uku6ona noma umuntu emphambe ku6afazi 6enu, uya6ona, mina ngiliqili ngidla lapha kungafanele." Uya6uza uManzoli uthi, "Uthini mfowethu wakhohle ukungitshena kahle na ukuthi uthini wangikhulumela inkingana." Ulala unomfazi

30 wami yini?" Ku6uza uManzoli. Umthakathi uselwa noManzoli. Seku6ayicala impela elikhulu emzini kaZikhali. Pho-ke uZikhali uthanda unina kaMthakathi m njena akakwazi ukumulahla ngecala uMthakathi. Ucela inkosi nomndeni wonke uku6a mawevune uMthakathi ne6ala kwanjalo. Manjena uMthakathi usethi wayedakiwe. Pho-ke uManzoli walanda a6asemaChunwini ekha6onina ukumuzwela naye. Kwathi la6a 6asemaChunwini 6amuvuna uManzolo na6aThembu 6avuna uMthakathi. Ukuthutha kwakhe uManzolo wayokhonza emaChunwini nanamhla inzolo yakhe iselapho. Usethukuthela ngomshado wakwaShezi uManzolo na6asemChunwini seyihla6ana njalo lapho. Kwathi uMthakathi wafa khona lapho ukushona kwelanga.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 259 S/13/da? K13/21 b-12

31 Ukuhlonipha

Kuthena kuhleziwe emuzini kaMpanjana Zakwe kwelasemaChunwini ku6onakala uZiphethe intombi kaMhle6o Dumakude ishaya umntwana phambi kukayise wendoda. Usekhuza uNumzane umpanjana uthi, "Wenzani?" Umakoti akasalaleli usephuthuma ingane useze ayi6ambe ayishaye impela, ngo6a imethukile yamusakela ngamathe eyikuza ukuthi mayingagangi ngokudla komuntu omdala umyeni wakhe. Ingane lena ekaDade intombi kaZimvu. uDade uzakwa6o kaZiphethe. Use6iza amadoda umndeni ukum6onisa loku. Amadoda asethi umakoti wenze ka6i ngokushaya ingane noma esemukhuzile uyise. Sekuthiwa makahlawule. Kodwa umakoti uthi naye kuhle
32 ingane imuhlawule ngo6a imethukile. Usekhuza e6a6aza uDade uthi ingeke ihlawule eyami ingane. Ayikwazi ukwethuka muntu. Use6aleka uziphethe emuka impela akaziwa lapho ashona khona.

Use6iza umndeni wakwakhe uMpanjana ewuyala ngokuhlimipha.

Umlo6okazi akathethi ekhaya lapha egane khona, nengane futhi angeze ayishaya ku6uka a6antu. Noma yonile angaze ayishaye ngasese kunga6oni muntu. Ukwenza njalo loku aze athole umntwana naye. Uma umlo6okazi eqa lomuthetho kothi muhla e6elethayo athole u6unzima. Usuke esejeziswa a6aphansi ngokwedelela umuzi wa6o. Ukuswelekele uku6a umalokazana adle 6ume. Nentombi ithi ingalotsholwa itshelwe amagama oyisezala.
33 Uthi noma efuna ukukhuluma umakoti afune amanye amagama azokuma esikhundleni salana awahloniphayo. Usethi, Akengini linganiselc ngomama, u6a6amkhulu igama lakhe uZihlandlo ngako-ke omama a6awa6izi amagama anezinhlamvu ezino "hla" "ndla" kumbe "dla" ekukhulumeni kwa6o:

| | | | |
|---|---|---|---|
| ukuhleka | ukunkesa | mhlophe | mntophe |
| indlu | inki6a | dlula | ngqula |
| indlela | inyathuko | | |
| ukudla | ukunki6a | | |
| izandla | izamukelo | | |
| x isihlalo | isicewo | | |
| amehlo | amankangelo | | |
| uhlanga | ukhesheka | | |
| inhloko | intenca | | |

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Namanye njalo ayashintshwa.

34 Nomkhwenyane uyahlonipha impela ukudla kwasemuzini. Akakudli into ayidlayo yi6ona njena utshwala uyaye athule angakudli uma engakahlatshiswa imbuzi. Uma esehlatshisiwe uyakudla ngaphandle kwamasi odwa nenkuku yasemuzini. Lapha kuyiwa ekweni umuzi ungenwa ngakwesokunene somuzi. Noma umkhwenyane ephuma uphuma ngakwesokunene somuzi. Izintombi uma zivakashele ku6o kasoka noma ku6o kanikwenyane ziguqa ngamadolo uma zisegumeni zingene sezigaqa ngamadolo endlini zizinze phansi ngakwesokhohlo uma sezisendleni. Uma zinikwa icansi azihlali kulo 6aze 6a6eke into ethize kulo icansi. Ku6ekwa u6uhlalu kunike usheleni njena.

35 Umakoti uhlala abheke emusamo yona abheke phansi ukuze anga6onwa muntu. Uma a6adala 6e6akhulumisa kukhulume izintombi zodwa. Umakoti athule yena uma kukhona okhuluma obhekise kuyena aphendule loko kuphela athule. Akhulumele phansi ngokzitho6a okukhulu. Lokhu ukwenza kuyaqhu6eka njalo kuthi nalapha esegcagca, afake imvakazi emehlweni iwela ngasemehlweni uku6a anga6onwa muntu. Amakholwa wona afaka ulwembu ekhanda a6athi (iveil). Kodwa imvakazi ifakwa izintombi ezigcwele ezingonakele ndawo uma intombi seyonakele ayifaki imvakazi. Kuyeku6onakale ngako ukuthi yonakele intombi ngokungafaki imvakazi uma igcagca.

36 Akungeni muntu ongumulisa lapho ku6olethwa khona (osenomqondo) kuze kundlule isikhathi isingange sonto. Futhi umuntu sesilisa akakwazi ukubheka umuntu wesifazane lapha egula noma ukumugeza kuye kufunwe yena owesifazane omunye uku6a amusize kulukukwenza. Kuyindlamba enkulu uma u6iza intombi ngokuthi intonjana uhlawula ngenkomo impela. Futhi uthole icala elikhulu. Uma uthi intonjana usho ukuthi seyakeyazala noma seyemithi seyake yona kala mhlaumbe.

Umfazi kamu6uzi umuyeni wakhe ngegama lakhe. Umbiza njena ngelinye igama lokucaza ukuthi uyamuhlinipha. Uma esenengane
37 umu6iza ngokuthi umfowa6o kasi6ani6ani. Uma elazi
i6utho lakhe umu6iza ngalo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

40 Uma kweliwa ama6ele kuye kubhekwe umoya u6a mawuvunguze kancane ngo6a omkhulu uyawaphephula ama6ele angeleki kahle. Lomoya wokwela kuthiwa umuthakathi. Uma li6alele izulu kuhlalwa ngokushunqisa esizeni. Ku6izwe umthakathi lowo.

Okunye futhi okuhlonishwa ngalo leligama lokuthi umthakathi inyongo umuntu uma ehlanza. Akushiwo ukuthi uma uphalaza kuphume inyongo. Kodwa kuthiwa umthakathi. Kuze amazinyo engane aphume kahle kuthiwa a6athakathi. Uma lilinye umthakathi. Uma umuntu omdala e6ulawa izinyo kuthiwa umthakathi.

Uma kuhlatshwe inkomo isho6a layo lifindwa ifinjwana elincane liphathwe kahle li6ekwe endaweni engathinthwa muntu njalo. Kuthiwa uma liphathwe kadedengumyama yenkomo iluma
41 a6antu eziswini la6o a6ayidlile. Uma kuhlatshwa kuhlatshwela esi6ayeni. Kuthi lapho kuthuthwa inyama isiwa endlini kuphunywe ngesango kuphela. Uma kweqiwe nenyama esi6ayeni kuthiwa izinkomo azandiziyaphela. Lezizindlela zokuhlonipha zavela kwe6adala noko a6anye 6aze nezezele ngokwa6o. UMpanjana weluleka a6antwana 6akhe. Kuthiwa umuzi wakhe wawufana nowenkosi ngo6a kwakuthi uma omunye one lomuthetho ahlawuliswe inkomo. Nanamhlanjena amadodana akhe asawungcina lomuthetho kayise ashiya e6akhumbuza ngawo a6antwana 6akhe namhlanjena ~~ako~~ indona yakhe iyinduna enkulu yenkosi ngenda6a yako ukuhlonipha loku. AmaThembu wonke ayakuthenda ukuhlonipha nanamhlanjena

42 Uthi futhi uMphanjana ku6antwana 6akhe:- Umam6izwa umuntu omdala kuhle ngisa6ele ngithi 6a6angithathele ngiye kuyena ngeju6ane ngizwe konke akusho kumina ngiyeke owami umuse6enzi. Lapho engithethisa kuhle ngithule ngingaphumeleli ngingaphenduli lutho. Noma engishaya kuhle uthule noma u6ona ukuthi nawe ungazilwela kuyena. Wathi ungavika ukuvika kodwa ukuphindisela ungakwenzi. Noma nixa6ene nomfowenu kuzothi kungafika uyihlo athi "Thulani umusindo" nithule ngokushesha nithi du. Uma nedelele uyihlo niyahlawuliswa ngempahla yenu eninayo noma inkomo noma imbuzi. Leyombuzi noma inkomo isizohlatshwa idliwe a6asekhaya 6onke.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

43 Uma uthunywa umuntu omdala noma kungesiyena owakini kuhle
wenze loku akutshene kona ngokushesha. Noma umfana e6ambe
inyoni ehlane akazidleli uyinika uyise ekhaya. Noma esese6enza
imali uyinika uyise ku6e uyena omufunela izinkomo nezimbuzi.
Umfana wenza loku aze akhule a6eyindoda. Ekhaya kusitshekelwa
ukudla komnumzane kuphela. Umca6a wakhe wamasi uyasitshekelwa
ngembenge namasi akhe futhi ayasitshekelwa notshwala 6akhe
